

UHLELO LWAKASARS LOKUDALULA NGOKUZITHANDELA LUZABA KHONA UNOMPHELO

Tshwane, 30 kuLwezi 2022, uPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), ngokoMthetho Wokuphathwa Kwentela Nombolo 28 wezi-2011, seluhlinzekele ukuthi uHlelo Lokudalula Ngokuzithandela (i-VDP) lube uhlelo oluzoba khona unomphelo kulabo abafanelekayo okungaba abantu ngabodwana, inkampani noma ithrasti abafisa ukuzidalulela nokuzilawulela ngokwabo izindaba zabo zentela. Lesi sinyathelo sihambisana nesu lokuphokophelwe IwakaSARS, esihlose ukuhlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso kanjalo nokwenza kube lula futhi kungabi nazihibe kubakhokhintela nabahwebi ukuba bathobele izibophezelozabo.

USARS uthanda ukugqugquzela bonke abakhokhintela abangase bangagcini izibophezelozabo zentela ukuba beze kwaSARS ngokusebenzisa uHlelo Lokudalula Ngokuzithandela. Ngokuzizela phambili ngokuzithandela, labo bakhokhintela bazothola usizo neseluleko kwaSARS ukusheshisa ukusombulula isicelo sabo. Lapho uSARS ngenqubo yabo yokuphenya bezitholela ukuthi kukhona ukungathobeli, leli thuba ngeke lisebenze kubakhokhintela abangathobeli kodwa luzosebenza ngaphansi komthetho wokubhekana nokungathobeli imigomo yentela.

USARS uzibophezele ekulandeleni lokhu esikuholosile, okuwukukhuthaza ukudalula ngokuzithandela kube kuncishiswa izindleko zokuthobela. Kuze kube manje, sifuna bonke abakhokhintela baqonde ukuthi bazohlala benethuba lokulungisa izindaba zabo zentela. Yize ukuthobela ngokuzithandela kuyikho esikukhethayo, uSARS ucija amandla awo okuhlonza nokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abazimisele ngokungathobeli.

Abakhokhintela abake bangayithobela imigomo yentela kwaSARS kodwa befisa ukwethulwa umthwalo ezinhlawulweni, futhi bagweme ukushushiswa ngobugebengu bangadalula ngokuzithandela izintela zabo ezsilele. Ukungathobeli imigomo yentela kubandakanya amafomu emininingwane yentela asilele, ukuthumela ulwazi olungelona iqiniso noma olungaphelele noma ukuhluleka ukuthumela ulwazi olucelwe uSARS mayelana nohlobo Iwentela lolu uSARS asebenza ngalo, ngaohandle kwezintelo nenteliso ebizwa ngokoMthetho wokuLawulwa Kwempahla Emngceleni neNtela, Nombolo 91 wezi-1964.

UHlelo Lokudalula Ngokuzithandela ithuba elikhethekile kubakhokhintela abangathobeli imigomo yentela ukuba balungise izindaba zabo zentela, uSARS ugqugquzela abakhokhintela abathintekayo ukuba basebenzise leli thuluzi lezomthetho.

Abakhokhintela abangathobeli imigomo yentela bazokwethulwa umthwalo ngaphansi kohlelo uma isicelo sinalezi zimfuneko ezilandelayo:

- Ukudalula kumele kube okokuzithandela;

- Ukudalula kugcwaliswe ngokuphelele maqondana nakho konke okudingekayo;
- Ukudalula kubandakanya ukungathobeli imigomo yentela okungenzekanga eminyakeni emihlanu ekudaluleni kokungathobeli okuthi akufane nakho;
- Ukudalula kubandakanya indlela yokuziphatha okukhulunywe ngayo ethebulini lezinhlawulo zokudalula ngaphansi kwalokhu okulindelekile eSigabeni 223 soMthetho Wokuphathwa Kwentela;
- Ukudalula angeke kudingeke ukuba kube nemali ebuyayo okumele ize kwaSARS; futhi
- Ukudalula kwenziwe efomini elibekiwe nangendlela ebekiwe.

Labo abafisa ukufaka izicelo ze-VDP zingafaka izicelo ngokusebenzisa i-SARS eFiling.

Izicelo ze-VDP eziphumelele zizoholela esivumelwaneni esizofaka phakathi:

- Lokhu okungamaqiniso ngokungathobeli okudaluliwe;
- Inani elizokhokhwa umkhokhintela zifaka phakathi inhlawulo yokudalula okungaphansi kokulindelekile okuseceleni eliveziwe;
- Ukwehliselwa okunikwe uSARS ngaphansi kweNtela ku-VDP;
- Izinhlelo zokukhokha kanye nezinsuku ngokwentelo ekhokhwayo; kanye
- Lokhu kokwehlisa umthwalo kungahoxiswa uma uSARS uthola ukuthi ukudalula bekungekho emthethweni futhi kungagcwalisiwe ngokuphelele ngaphansi kweNtela ku-VDP.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne-SARSMedia@sars.gov.za noma uthumele i-imeyili: vdp@sars.gov.za noma ushaye ucingo: 0800 864 613.